**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P549 EMATIMATOLO MHLAKA 03 AUGUST 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ngiyazi ukuthi kungenzeka ukuthi kukhona abawaziyo umndeni wakwaSangweni lapha. Kodwa akuyona inhloso yami ukuthi nginibuyisele emuva kwesenidlule kukona. Le-video eniyibonayo yenziwe uMnyango ukukhombisa indlela abashona ngayo abantu bakithi emigwaqeni.

- Okungenani nina niyibuka esithombeni, thina sikubona bukhoma lokhu, hhayi kanye, kodwa ezikhathini eziningi. Yingakho nginxusa bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi benze okufanele. Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Uma sengingena kwesihlangene ngakho namhlanje, ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi sikwenzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Ngiyazi ukuthi umsebenzi usuvele usuqalile kodwa umgomo kahulumeni wethu uthi uma kwakhiwa kumele imali isale kubantu bendawo. Nalapha kumele kube njalo.

- Sengiyazi ukuthi kwezinye izindawo kunezikhulu ezisebenzisa ipolitiki ekuqasheni abantu kule misebenzi esiyilethayo. Kodwa ngifuna ukunixwayisa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki nezisebenzi zikahulumeni ezisebenzisa ubuthaka benu ukuzihlomulisa zona kwezepolitiki.

- Ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinselelo ezilethwa ubugebengu, ingculazi, ububha nokunye. Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke.

- Nokho-ke, impilo engcono ayikwazi ukuvele iqhamuke ngaphandle kwesisekelo. Kumele isekeleke ngaphansi kwezimo ezithile okuwuxolo, intando yeningi nentuthuko.Siyajabula ngoba abantu bakithi akade bayilinda impilo engcono sebeqala ukuphumela obala basho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso zethu.

- Engani siyazi ukuthi ngenkathi uNdunankulu uManzankosi esaphethe ezokuThutha wafika lapha wathembisa ukuthi kuzofakwa itiyela ngokuhamba kwesikhathi kulo mgwaqo.

- Phela akuqali ukuthi kube nohulumeni emlandweni weNingizimu Afrika neKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi baqala manje ukubona uguquko ezimpilweni zabo olulethwa yizinhlelo zikahulumeni wethu wentando yeningi.

- Ukufakwa kwetiyela kulo mgwaqo kuzogwema inkinga yenkwali edingeka minyaka yonke kuphinde kwenze ngcono nesimo sezempilo nokuphepha emphakathini. Zibalelwa ku-R30 million izindleko zalo msebenzi womgwaqo ongu-8 km. Kulindeleke ukuthi uphothulwe ngaphambi kokuphela kukaMarch 2009.

- Lokhu kusho ukuthi uyovulwa sekusondele ukhetho. Kodwa thina sithi noma kukhona ukhetho noma lungekho, okwethu nje ngukugcina izithembiso.

- Uma usuphelile lo mgwaqo uzosiza umphakathi waseMatimatolo okukhona kuwona izikole zama-primary ezine ezinabafundi abangu-250; imizi engaphezulu kuka-4 000 nabantu abangaphezulu kuka-20 000.

- UMnyango wezokuThutha kunenye imali oyifake emisebenzini yokwandiswa kwemigwaqo ngaphansi kwe-RRTF yaseGreytown. Le misebenzi kumele ibe isiphothuliwe ngokuphela kukaMarch 2009 – ukuphela konyaka wezimali.

- Sengiphetha, kuyangijabulisa ukuthi sesinoZibambele abangu-3 258 ngaphansi kukamasipala waseMvoti. Kunamaqembu okonga angu-29 okumanje aseqoqe imali engu-R300 000. Kumele siyikhiphe ipolitiki kulolu hlelo. Osonkontileka kumele baqokwe ngokubheka izinga lobuphofu emiphakathini yabo.

- Mangigcine, ngokuhalalisela umphakathi waseMzinyathi ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona.

**Ngiyabonga.**